

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

41/2015 Intshumayelo ngesonto 09 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 02. 08. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kuLuka 12:48b, lithi: **"Yilowo nalowo ophiwe okuningi, kuyuakubizwa okuningi kuye; nophathiswé okuningi, bayakubiza kuye okungaphezu kwalokho."**

1. Iculo 9

2. **Umkhuleko:** Baba osezulwini, singcwelise ngeqiniso lakho. IZwi lakho liyiqiniso. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuJer. 1:4-10;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabase-Filipi 3:7-14

Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Mathewu 7:24-27

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 4

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe, ku-Mathewu 25:14-30 Ngokuba kunjengomuntu owathi eyakuhambela kwelinye izwe wabiza izinceku zakhe, wazinika impahla yakhe; enye wayinika amatalenta ayisihlanu, enye aba-mabili, enye laba-linye, kwaba-yileyo naleyo njengamandla ayo; wamuka-ke. Lowo obamukele amatalenta ayisihlanu wahamba masinyane, wasebenza ngawo, wazuza amanye ayisihlanu. Kanjalo obamukele amabili wazuza amanye amabili. Kepha obamukele lalinye waya wemba emhlabathini, wayifihla imali yenkosi yakhe. Kepha emva kwesikhathi eside yafika inkosi yalezozinceku, yalandisana nazo. Weza obamukele amatalenta ayisihlanu, waletha amanye amatalenta ayisihlanu, wathi: Nkosi, wanginika amatalenta ayisihlanu; bheka, ngizuzé amanye amatalenta ayisihlanu. Inkosi yakhe yathi kuye: Kuhle, nceku enhle nethembekileyo, uthembekile ezintweni eziyingcosana; ngizakukubeka phezu kokuningi; ngena ekuthokozeni kwenkosi yakho. Weza nobamukele amatalenta amabili, wathi: Nkosi, wanginika amatalenta amabili; bheka, ngizuzé

amanye amatalenta amabili. Inkosi yakhe yathi kuye: Kuhle, nceku enhle nethembekileyo, uthembekile ezintweni eziyingcosana; ngizakukubeka phezu kokuningi; ngena ekuthokozeni kwenkosi yakho. Kepha weza nobamukele italenta lalinye, wathi: Nkosi, bengikwazi ukuthi ungumuntu olukhuni; uvuna lapho ungahlwanyelanga khona, ubutha lapho ungafazanga khona; ngesaba, ngaya ngalithukusa emhlabathini italenta lakho; bheka, nakhu okwakho. Kepha inkosi yakhe yaphendula, yathi kuye: Nceku embi nevilaphayo, ubukwazi ukuthi ngivuna lapho ngingahlwanyelanga khona, ngibutha lapho ngingafazanga khona, na? Ngakho wawumelwe ukubeka imali yami kwabebhange, mina-ke ekufikeni kwami ngabe ngitholile okwami kanye nenzalo. Ngakho mamukeni italenta, nilinike onamatalenta ayishumi. Ngokuba yilowo nalowo onakho uyakuphiwa, avame; kepha ongenakho uyakwamukwa nalokho anakho. Leyonceku engasiziyo yiphonseni ebumnyameni obungaphandle; lapho kuyakuba-khona ukukhala nokugedla amazinyo. Amen.

8. Intshumayelo: Bandla leNkosi, kwakuyini esikwenzile ngempilo yethu kuze kube manje na? Senzani imihla ngemihla? Senzani ngamandla ethu, ngokuhlakanipha kwethu, ngeziphiwo zethu na? We sibanibani wenzani ngamatalenta akho na? Siyazihlolisisa. Leligama elithi: amatalenta, silijwayelile kakhulu. Sithi senza umhlangano wamatalenta. Leligama livela olimini lwesiGrekhi, lingenile ngesiNgisi, talents, sithi: He has many talents, uneziphiwo eziningi. Leligama isiphiwo likhombisa uMuphi weziphiwo zonke: njengoba sifunda 1.Kor.4: Unantoni ongayamukeliswa na? Iziphiwo zivela kuMdali, njengoba sibona kulezincedu. UMninindlu ubanika amatalenta. Siphiwe iziphiwo, wena ezakho, mina ezami. Sivumelana ukuthi kunjalo, kuyabonakala, uma sibiza abantwana bethu, sithi: Sipho noma Siphiwe. Vele iziphiwo azifani. Akekho ofana nomunye. Kanjalo neziphiwo zihlukene. Omunye unamandla amakhulu emzimbeni; omunye unamandla amakhulu ekhandeni. Lo usebenza kahle ngezandla zakhe. Lo ukhuluma kahle emhlanganweni. Omunye udayisa kahle yonke into. Omunye wakha imizi nezindlu. Lo ukhanda konke nje. Nangu onengqondo yokulima.

Omunye ufundisa kahle, abantwana bamthanda yena. Uchasisela kahle ukuba bonke bezwe masinyane, nabo abasokola. Omunye unesiphiwo sokusiza ngezinhlopheko zakho, kuvama ngasese nje, ududuza abadabukileyo nabalilayo. Amazwi akhe angena enhlizyweni; aphakamisa abakhalayo nabaphansi emoyeni. Omunye unamandla okwelapha nokusiza abagulayo. Lo ukhuleka kahle ukuba izinhlizywo zivulwe ziqiniseke. Omunye unesithunzi emkhandlwini, uma esukuma, bathula, bezwe balalele, bakwamukele okushiwo. Lo unesiphiwo sokuhlenganisa abantu abalwayo abahlukene nabaxabanayo. Omunye upheka

kahle, kumnandi ukudla kwakhe, kuyanambitheka. Lo ufunda kalula izilimi nezilimi, omunye unesiphiwo sokuhlabelela kahle kakhulu. Singaqhubeka kanjalo.

Zonke leziphiwo ezihlukeneyo zingasetshenziswa eBandleni. Senzani ngeziphiwo zethu na? Lowo obamukele amatalenta ayisihlanu wahamba masinyane, wasebenza ngawo, wazuza amanye ayisihlanu. Kanjalo obamukele amabili wazuza amanye amabili. Kepha obamukele lalinye waya wemba emhlabathini, wayifihla imali yenkosi yakhe. Sifana nobani phakathi kwalabo na? We sibanibani ziphi izithelo zokukholwa kwakho na? Usebenzisa kanjani iziphiwo zakho na? Sisenaso isikhathi sokusiza emsebenzini weNkosi: Kepha emva kwesikhathi eside yafika inkosi yalezozinceku, yalandisana nazo. Sithengisisa isikhathi sethu na? Naso siyisipho. Sithi-ni mhla uNkulunkulu usiswela, usidinga na?

Kukhona abathi: Esikuthandayo, esikujwayele kakhulu: ukuzilandulela, nokukhala, nokugwija. Bathi: Man, Mfundisi, anginaso isikhathi, ngiyasebenza njalo. Hhayi namuhlanje, mhlawumbe kusasa noma ngomhlomunye, kungcono ngeviki elizayo. Ivila likhuluma lapha. Umuntu okholwa ngomlomo kuphela usho njalo. Lo ongathandi iBandla leNkosi, ongamthandi uMsindisi wakhe unjalo. Ukuzilandulela kuphela, amazwi amtothi ngaphandle kwezenzo. Kepha weza nobamukele italenta lalinye, wathi: Nkosi, bengikwazi ukuthi ungumuntu olukhuni; ngesaba, ngaya ngalithukusa emhlabathini italenta lakho; bheka, nakhu okwakho. Kepha inkosi yakhe yaphendula, yathi: Nceku embi nevilaphayo, ubukwazi ukuthi ngivuna lapho ngingahlwanyelanga khona, ngibutha lapho ngingafazanga khona, na? Ngakho wawumelwe ukubeka imali yami kwabebhange, mina-ke ekufikeni kwami ngabe ngitholile okwami kanye nenzalo. Ngakho mamukeni italenta, nilinike onamatalenta ayishumi. Ngokuba yilowo nalowo onakho uyakuphiwa, avame; kepha ongenakho uyakwamukwa nalokho anakho. Leyonceku engasiziyo yiphonseni ebumnyameni obungaphandle; lapho kuyakuba-khona ukukhala nokugedla amazinyo.

Yilowo nalowo phakathi kwethu wamukela igugu elihle, ngisho iVangeli elimnandi likaJesu Kristu, ukuba siye ezweni lonke, silishumayele lona, ukuba sithole inzalo, ukuba iBandla lakhe likhule, lande yonk' indawo. Sonke singasiza khona, omunye ngamazwi akhe, omunye ngezenzo zakhe, omunye ngothando lwakhe, omunye ngesikhathi sakhe, omunye ngemfuyo yakhe, omunye ngokuhlakanipha kwakhe, noma noma. Asisebenzi-ize embusweni weNkosi nanini nakanye. Ngakho-ke ukhombise italenta ukuba siduduzwe, siphakanyiswe, siqiniswe sonke. Ngokuba yilowo onakho uyakuphiwa, avame; kepha ongenakho uyakwamukwa nalokho anakho. Ake sibaphe abanye ukuba basindiswe kanye nathi. Yilowo ufanele ukuletha

omunye, ukucela komunye ongakholwayo ohlubukileyo ukuba afike lapha phambi kwe-altare leNkosi ukuzwa iZwi likaNkulunkulu ukwamukela amaSakramente angcwele: umBhaphathizo, isiBiko, isiDlo seNkosi. Sebenzisa isiphiwo sakho kanjalo phakathi kwethu nalé ngaphandle ukuba kudunyiswe igama leNkosi yethu uJesu Kristu manje nakuze phakade. Amen.

9. Umkhuleko: Baba wethu othandekayo osezulwini, siyabonga. Sisize sibe ababonisi abaqotho beziphiwo zakho, kuthi ekugcineni sabelwe ngomusa ukuphila okuphakade, ngoJesu Kristu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 186

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2015 ngu-K. G. Tiedemann.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.